

# Umqulu wolwazi lomlando
# Ukubuyekezwa kwesicelo mayelana neLungelo Lokumayina le-Tendele Mining ne-DMRE Ref: KZN30/5/1/2/2/10041MR


## Isingeniso seProjekthi

I-Tendele Mining (Pty) Ltd, ngemuva kwalokhu ezobizwa ngokuthi iTendele, ingabanikazi bemayini yelahle-ianthracite eyaziwa ngokuthi yiSomkhele Anthracite Mine (Somkhele) kusukela ngo-2006. Imayini isendaweni engamakhilomitha angama-22 enyakatho-ntshonalanga yeDolobha laseMtubatuba, Kwazulu-Natal ngaphansi kukaMasipala Wesifunda uMkhanyakude futhi isebenza ngaphansi koMphakathi wakwaMpukunyoni. I-Tendele yaqala ukusebenza ngo-2007 eSomkhele ngokwamalungelo amaningi okumayina (MR) aphethwe yi-Tendele. U-87% wabasebenzi uvela emphakathini osingethe lomsebenzi.

Ngomhlaka 26 Okthoba 2016, iTendele yanikezwa ilungelo lokumayina (MR) elinenombolo yereferensi: KZN30/5/1/2/2/10041MR. Lelilungelo lokumayina (MR) libandakanya indawo engama-222km². I-Tendele isidedele u-92% wendawo kulelilungelo lokumayina (MR). Izindawo ezihloselwe ukumayina manje sezicishe zibe ngama-27km2. Izindawo ezigciniwe yisEmalahleni, Ophondweni naseMahujini. Amabalazwe alandelayo akhombisa izindawo ezintathu ezigciniwe -



## Isicelo sokubuyekeza saphonsela inselelo ukukhishwa kwelungelo lokumayina

ITendele lafaka isicelo seLungelo Lokumayina (MR) ngo-2014, lelilungelo lokumayina (MR) latholakala ngo 2016 (KZN30/5/1/2/2/10041MR), ukutholakala kwelungelo kokumayina (MR) kanye nokugunyazwa kombiko wohlelo lokuphathwa kwemvelo (EMPr) ehambisana nalo kwaphonswa inselelo ngohlelo lokubuyekezwa kwecala. ngokwemibandela yeSigaba 96 soMthetho Wokuthuthukiswa Kwezimbiwa kanye Nophethiloli no. 28 ka2002 (MPRDA) nangokuqulwa kwamacala enkantolo. Mhlaka 4 Meyi 2022, iNkantolo eNkulu yasePitoli yakhipha isinqumo (Umyalelo Wenkantolo) esiphathelene nelungelo lokumayina (MR) kanye ne-EMPr yeTendele.

Umyalelo Wenkantolo usho kanje–

> *"1. Isinqumo soMqondisi-Jikelele samhlaka 31 Meyi 2016, ekunikezeni Ilungelo Lokumayina e-Tendele, kanye nesinqumo Somphathi Wesifunda somhlaka 26 Oktober 2016, sokugunyaza i-EMPr ye-Tendele, ngalokhu kumenyezelwa ukuthi asivumelekile. Izinqumo azibekwanga eceleni [ukugcizelela].*
>
> *2. Isinqumo sikaNgqongqoshe sangomhlaka 15 Juni 2018 sokuchitha isikhalazo esiphikisana nokunikezwa weLungelo Lokumayina eTendele kanye Nokuvunywa kwe-EMPr yeTendele simenyezelwa ukuthi asivumelekile futhi sibekelwa eceleni.*
>
> *3. Isikhalazo sibuyiselwa kuNgqongqoshe ukuze asicubungule kabusha ngokuhambisana nemiphumela yalesi sinqumo*
>
> *4. Ekucubunguleni kabusha isikhalazo, futhi ngaphezu kwalokho okutholwe yilesi sahlulelo, uNgqongqoshe uyalwa ukuba acabangele:*
>
> *a) Nanoma yiluphi ulwazi umfakisicelo kanye neTendele abafisa uklwethula phambi kwakhe ngalomsebenzi.*
>
> *b) noma yiluphi ulwazi, ukuphawula, kanye nokuthunyelwe okuvela kuma-I&APs.*
>
> *5. I-Tendele liyalelwe ukuthi lazise izinhlangothi ezinentshisekelo nezithintekayo mayelana negunya labo lokubamba iqhaza ohlelweni lokudlulisa isikhalazo ngokwazisa kabanzi ngokuqukethwe yilokhu.*
>
> *6. I-Tendele kumele liqinisekise ukuthi uhlelo lokubamba iqhaza komphakathi luzoqhutshwa ngokulandela isinqumo sikaNgqongqoshe mayelana nenqubo yokbuyekezwa kwesicelo, ithobelane nezidingo (Iziqondiso Zokubambiqhaza Komphakathi ngokwemibandela yoMthetho Kazwelonke Wezemvelo, 1998 kanye (Isahluko 6 seMithethonqubo Yokuhlola Umthelela Wezemvelo). , 2014 njengoba Ishicilelwe kuGazethi Kahulumeni No38282 GNR 982 yamhlaka 4 Disemba 2014."*

Njengoba kushiwo endimeni yokuqala yoMyalelo Wenkantolo, Lungelo lokumayina (MR) kanye ne-EMPr akuzange kubekwe eceleni yiNkantolo. Isinqumo sikaNgqongqoshe Wezimbiwa Namandla sokuchitha isikhalazo esiphikisana nokunikezwa kweLungelo lokumayina (MR) kanye ne-EMPr nokho sabekwa eceleni futhi uNgqongqoshe unesibophezelo sokuba asicubungule kabusha isikhalazo.

Ekucubunguleni kabusha isikhalazo, iJaji liyalele uNgqongqoshe ukuthi acubungule nanoma yiluphi ulwazi Imayini efisa ukulubeka phambi kwakhe kanye nanoma yiluphi ulwazi kanye nokuphawula okuvela kumalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs). Selokhu Imayini iTendelel yathola iLungelo lokumayina (MR) ngo-2016, imayini iye yabonisana kaningi nabathintekayo futhi yaphothula izifundo ezengeziwe zochwepheshe. Ngokusekelwe kulo myalelo wenkantolo ongenhla, kubaluleke kakhulu ukuthi amalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) aziswe ngelungelo lawo lokubamba iqhaza ohlelweni lokubuyekezwa kwesicelo (isaziso esizoshicilelwa kabanzi) futhi anikezwe ithuba lokunikeza imibono yomphakathi ngolwazi olwengeziwe (izifundo zochwepheshe) kusukela ekufakweni kwesicelo sokuqala ngo 2014. Imayini kumele iqinisekise ukuthi ukubamba iqhaza komphakathi kwenziwa ngokweMithetho ye-EIA, efundwa kanye Nemihlahlandlela Yokubambiqhaza Komphakathi.



## Inhloso yalombhalo

Lo Mqulu Wolwazi Lomlando (BID), uhloselwe ukuhlinzeka ngolwazi mayelana nenqubo eyenziwayo ngalomsebenzi futhi uhlinzeka:

- Uhlaka lwephrojekthi;
- Uhlaka lwengqikithi yomthetho kanye nohlaka lwendlela i-EIA ezokwenziwa ngayo;
- Inkomba yokuthi abantu abanentshisekelo nabathintekayo (I&APs) bangabandakanyeka kanjani kuphrojekthi; kanye
- Nemininingwane yokuxhumana ye-EAP lapho amalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) angaletha kubo izingqinamba noma okubakhathazayo mayelana nalomsebenzi.

## Incezelo yeProjekthi

Kuyinhloso yeTendele ukumayina ilahle ezindaweni ezaziwa ngokuthi Emalahleni, Ophondweni naseMahujini ngaphansi kwendawo yakwaMpukunyoni.

IziNdawo zizomayinwa ngendlela yokumayina evulekile. Iphrojekthi izobandakanya ukusungulwa kwengqalasizinda elandelayo endaweni ngayinye:

- Imigwaqo evulelekile yokuthutha ilahle emigodini eyahlukahlukene;
- Ukulawulwa kokungcola kanye nengqalasizinda yamanzi emvula;
- Izindawo lapho kuzobekwa khona izindunduma zamadwala;
- Izindawo lapho kuzobekwa khona izindunduma zomhlabathi;
- Uthango lokubiya kanye nezakhiwo zokuphepha;
- Amahhovisi osonkontileka abakude; kanye
- Nezinsiza zesikhashana zokugeza.

## Indlela yokumayina

Umsebenzi wokumayina ngendlela evulelekile uzokwenziwa ngendlela yokuthi kugqitshwe lapho sekuqediwe khona ukusetshenzwa uma kungenzeka. Okugenani u-87% wabasebenzi uzotholwa emphakathini osingethe lomsebenzi – kwaMpukunyoni.

## Ukuthuthwa kwelahle

Zonke izinto ezisetshenziswayo (ilahle) (RoM) zizothuthwa ngemigwaqo yokuthutha eyobe ihlelelwe khona kuya kwingqalasizinda evele isebenza, kanti iningi lezokuthutha lizohlinzekwa ngosomabhizinisi bendawo.

## Ukusetshenziswa kwamanzi

Awekho amanzi asetshenzwayo noma aphuzwayo adingekayo ezindaweni zokumayina ezihlongozwayo njengoba konke ukusetshenzwa kanye nengqalasizinda kuzoba ngaphakathi kwendawo okusetshenzwa kuyo njengamanje. Amanzi azodingakala kuyoba yilawo okunciphisa uthuli. Lawomanzi azotholakala emigodini nasemadamini okulawula ukungcoliswa kwemvelo. Ilayisensi yokusetshenziswa kwamanzi egunyaziwe yemisebenzini yokusetshenziswa kwamanzi Emalahleni, Ophondweni naseMahujini isikhona.

Inombolo yelayisensi: 11/W23A/ABCGIJ/9751 ikhishwe ngomhla ka-9 Julayi 2020

## Izinsalela zemayini

Izinsalela zeMayini eziyokhiqizeka ngesikhathi kugezwa ilahle emigodini emithathu zizofakwa ezikhungweni ezikhona. Imayini yathola iLayisense Yokulawulwa Kwemfucuza KZN30/5/1/2/2/216MR eyatholakala mhlaka 29 Okthoba 2021.

## Inqubo okumele ilandelwe

ISahlulelo esikhishwe sinqume ukuthi inqubo okufanele ilandelwe idinga ukufeza izidingo zeMithethonqubo Yokuhlola Umthelela Wezemvelo, ka-2014 njengoba Ishicilelwe kuGazethi Kahulumeni No38282 GNR 982 yangomhlaka 4 Disemba 2014.

**Scoping Phase**

- Isaziso mayelana neprojekthi nesaziso emphakathini
- Umqulu weBID unikwezwa nesimemo sokubalisa njengelungu elinentshisekelo nelithintekayo (I&P)
- Ukwenziwa kombiko wokuhlola osalungiswa
- Umphakathi ubuyekeza umbiko wokuhlola (izinsuku ezingu-30))
- Imihlangano yomphakathi
- Ukuthunyelwa kombiko wokuhlola kuziphathimandla

**EIA Phase**

- Ukuhlanganiswa kombiko we-EIA (EMPr)
- Umphakathi ubuyekeza umbiko we-EIA (Izinsuku ezingu-30)
- Imihlangano yomphakathi
- Umbiko wokugcin we-EIA uthunyelwa kuNgqongqoshe we-DMRE
- Isinqumo sokubuyekezwa kwesicelo sithathwa nguNgqongqoshe

## Izinjongo zenqubo yokuhlolwa kwemvelo yilezi:

- Ukuhlonza iziphathimandla ezifanele kanye namalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) ukuthi azibandakanye Ohlelweni Lokubambiqhaza Komphakathi (PPP);
- Ukugqugquzela ukusatshalaliswa kolwazi kuziphathimandla ezifanele kanye namalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) futhi ibanike ithuba lokuveza izinkinga noma ukukhathazeka okuhlobene nomsebenzi;
- Ukuhlonza izingqinamba ezingaba khona kanye nomthelela kwezemvelo;
- Ukuhlola ukubaluleka kwemithelela ehlonziwe kwezemvelo;
- Ukuchaza uphinde uphenye/ubheke ezinye izindlela ezike zacatshangelwa futhi/noma ezingabhekwa; kanye
- Nokunikeza ngezinyathelo zokunciphisa ezingenzeka ukuze kubhekanwe nanoma yimiphi imithelela ebalulekile ebonisiwe

Lezi zinhloso ezingenhla zifinyelelwa ngokuhlolwa komsebenzi ohlongozwayo, ukwenziwa kwe-PPP nokulethwa kolwazi olufanele kanye nemibhalo kwa-DMRE,

## Ukubamba iqhaza komphakathi

Ukuzibandakanya komphakathi kuyingxenye ebalulekile yenqubo Yokuhlola umthelela kanye ne-EIA futhi ihlose ukubandakanya amalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) ohlelweni ngokuwazisa ngephrojekthi ehlongozwayo nokubakhuthaza ukuthi baveze izingqinamba nezinkathazo zabo. Ukuze kuqinisekiswe ukuthotshelwa koMyalelo Wenkantolo kanye nezinhlinzeko zeMithetho ye-EIA ehlobene nokubamba iqhaza komphakathi, ngezansi kukhona isifinyezo sezinyathelo ezizothathwa yi-Tendele kanye ne-EAP yayo eqokiwe ukuze kuqinisekiswe lokho kuthobela:

- Ukwazisa i-DMRE ngenqubo okuhloswe ukuthi ilandelwe yi-Tendele
- Ukubonisana neNkosi yoMphakathi wakwaMpukunyoni kanye neMeya yaseMtubatuba
- Ukubonisana nezinduna
- Ukubonisana namaKhansela Ezigceme zikaMasipala
- Ukubonisana nawo wonke amalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) abhalisile

## Isazizo

Isigaba esilandelayo sichaza indlela ababambiqhaza abazoxoxisana ngayo ngesikhathi Sokuhlola kanye neNqubo ye-EIA.

Ama-I&APs azokwaziswa ngephrojekthi nangamathuba okuxhumana ngalezi zindlela:

- Izikhangiso emaphephandabeni endawo naseziteshini zomsakazo zendawo;
- Ukufakwa kwezaziso esizeni; Izaziso zesizindalwazi zibekwe ezindaweni ezisobala nezifinyeleleka kalula emphakathini kuzo zontathu iziNdawo Ezinelungelo Lokumayina, njengamaRenki Amatekisi, uMkhandlu Wendabuko wakwaMpukunyoni, izikole, imitholampilo kanye noMtapowolwazi waseMtubatuba.
- Isimemo se-E-mail kuma-I&APs ahlonziwe; kanye
- Nokusatshalaliswa kwama-BID (lo mbhalo) kuma-I&APs ahlonziwe. Umbhalo we-BID uzosatshalaliswa nge-imeyili ebhalisiwe
- Ukusabalalisa izaziso kanye ne-BID emizini ezingaphakathi kwebanga elingu-1km ukuya emigodini yemayini
- Ukusebenzisa izakhiwo zendabuko ezikhona ukuze kuhlanganiswe ulwazi

## Iminyango kahulumeni nezinhlaka zombuso

Le minyango kahulumeni elandelayo kanye nezinhlaka zombuso kuzothintwa ngenqubo yokubuyekezwa kwesinqumo -

- Ezokubusa Ngokubambisana Nezindaba Zomdabu (COGTA)
- Umnyango Wezamahlathi, Izinhlanzi kanye Nezemvelo (DFFE)
- Ezemvelo KZN Wildlife (EKZN)
- Umasipala waseMtubatuba
- Umasipala wesifunda waseMkhanyakude
- Umnyango Wezimbiwa Namandla
- Umnyango Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle



## Imithelela engaba khona

Imithelela engaba khona ezofakwa ekuhlolweni kwe-EIA (futhi ezovezwa embikweni wokuhlola osalungiswa ozotholakala kusukela mhlaka 15 Julayi 2022) izobandakanya imithelela kanye nezindlela zokuyinciphisa okuvela ngendlela yokumayina evulelekile:

- Amanzi angaphezulu/emifuleni, Amanzi angaphansi komhlaba
- Ikhwalithi yomoya, Umsindo, Ukubukeka kwendawo, Ezenhlalakahle kanye nezomnotho
- Isimo sokwakheka ndawo, Umhlabathi, Ukwahlukahluka kwemvelo, Imvelo yasemanzini
- Ukusetshenziswa komhlaba



Izimayini beziqhutshwa kule ndawo kusukela ngeminyaka yawo-1880, naseTendele kusukela ngo-2007, futhi imithelela yokumayina ezindaweni ezintsha iyafana nemthelela eyavela eminyakeni engu-15 edlule.

Lena akuyona imayini entsha, kodwa iyisandiso semayini ekhona futhi ngaleyo ndlela kuzosebenza izinyathelo ebevezivele zisetshenziswa zokunciphisa imithelela. Izinyathelo ezengeziwe zokunciphisa imithelela zizokwaziswa ngocwaningo olwenziwe lokunciphisa ubungozi.

## Ucwaningo/Izifundo lwemvelo olwenziwe

| Ucwaningo olwakha ingxenye yesicelo sokuqala se-10041MR ngo-2014 | |
|---|---|
| Hydrogeological Impact Assessment | Aquatic Assessment Report |
| Hydrological Impact Assessment | Heritage Impact Assessment |
| Biodiversity Impact Assessment | Social Gap Analysis |
| Wetland delineation and Impact Assessment | Preliminary haul road design report |
| Visual Impact Assessment | |

| Ucwaningo olusha olwenziwe kusukela ekunikezweni kwe-10041MR | |
|---|---|
| Air Quality Impact Assessment | Follow up hydrogeological Study |
| Vegetation Impact Assessment | Area 4 and 5 floodline analysis |
| Corporate Climate Impact Assessment | Mahujini and Emalahleni haul road flood line analysis |
| Health Impact Assessment | Water balance update for the Somkhele Anthracite Mine |
| Noise Impact Assessment | Storm water management plan |
| Palaeontological Desktop Assessment | Wetland Assessment offset Plan for Ophondweni |
| Social Impact Assessment | Geotechnical Materials Report |
| Visual Impact Assessment | Decant Assessment for Somkhele |
| Vibration Impact Assessment | Conceptual Acid Mine Drainage Management Plan |
| Wetland Assessment for the Ophondweni Area | Civils Design Report |
| Aquatic Rehabilitation Plan for Riparian and instream habitats | Natural flow loss estimation for areas affected by SAM workings |
| Plant and Animal Search and rescue plan for future mining areas | Survey of burial grounds and graves |
| Geohydrological Model Update | Hydropedological Assessment |
| Heritage Impact Assessment | |

## Impendulo

Impendulo izonikezwa kumalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) ngezincwadi noma ngokuxhumana okuqondile, uma kuceliwe, nakuMbiko wokuhlola Olusalungiswa kanye Nemibiko ye-EIA. Uhlelo Lokubambiqhaza Komphakathi (PPP) oluhlongozwayo ukuze kwenziwe Ukuhlolwa kanye ne-EIA lwakhelwe ukuqinisekisa ukuthi ukuxhumana namalungu anentshisekelo nathintekayo (I&Aps), ngesikhathi senqubo yokubuyekezwa kwesicelo, kugxilile futhi kuphelele. Isidingo somhlangano womphakathi noma imihlangano yabantu ngabanye sizoqinisekiswa ngesikhathi seNqubo Yokuhlola. Konke ukuphawula kwamalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) kuzovezwa eMbikweni efanele. Ukuphawula kwamalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) kanye nempendulo kunganikezwa ngezindlela ezahlukene. Lokhu kubandakanya:

- Ngokubhala ngokuqondile (ifeksi, i-imeyili, iposi) kanye nokuthunyelwa ngocingo;
- Izingxoxo ezivela emhlanganweni womuntu ngamunye noma imihlangano yomphakathi; noma
- Ngezinhlaka zomphakathi.





## Ukusebenzisana nama-I&APs nezinsuku ezibalulekile

Amalungu anentshisekelo nathintekayo (I&APs) anikezwa ithuba lokuqonda izici eziphathelene nephrojekthi ukuze akwazi ukubamba iqhaza ngendlela ephusile futhi abambe iqhaza ohlelweni Lokuhlola Umthelela Wemvelo. Kulesi sigaba sephrojekthi, ngaphandle kwe-BID, kuhlongozwa lokhu okulandelayo:

**Imihlangano yokuqala yomphakathi:**

- ngomhlaka 23 Julayi 2022 Ophondweni Hall ngo-9:00 ekuseni
- ngomhlaka 24 Julayi 2022 Emalahleni eMsiziwamaKrestu Primary School ngo-9:00 ekuseni
- ngomhlaka 6 kuAgasti 2022 eMahujini/Majonijoni. Isikhathi nosuku kusazoqinisekiswa

**Umbiko wokuhlola osalungiswa:**

- uzokwenziwa ukuba utholakale ukuze umphakathi uwubuyekeze uphinde uphawule ngawo kusukela mhlaka 15 Julayi 2022.
- Umbiko Wokuhlola uzodingidwa uphinde wethulwe emihlanganweni ezoba mhlaka 23 nangomhlaka 24 Julayi 2022 oPhondweni naseMalahleni kanye nangomhlaka 6 Agasti eMahujini.

Kulandela uMbiko Wokuhlola, kuzosatshalaliswa umbiko osalungiswa we-EIA (EMPr) ukuze umphakathi uwubuyekeze uphinde uphawule ngawo.



## Ukuthunyelwa kombiko kuDMRE

Emuva kokuthola ukuphawula kwama-I&APs ngoMbiko Wokuhlola, uMbiko Wokuhlola obuyekeziwe uzothunyelwa kuNgqongqoshe.

Ngemva kokuba umphakathi ubambe iqhaza kanye nokuthola ukuphawula kwama-I&APs ngoMbiko we-EIA (EMPr), kanye noMbiko we-EIA (EMPr) obuyekeziwe (nocwaningo olwengeziwe lochwepheshe kanye ne-EIA/EMPr yasekuqaleni ka-2014), kuzothunyelwa kuNgqongqoshe we-DMRE. UNgqongqoshe uzobe esethatha isinqumo esisha mayelana nesikhalazo esiphambi kwakhe. Uma isinqumo sesithathiwe, wonke ama-I&APs abhalisiwe azokwaziswa ngesinqumo.



Uma udinga ulwazi olwengeziwe noma unokuphawula mayelana nalentuthuko/umsebenzi sicela uthinte **uChristopher Wright waseBlackrock Environmental** ku:


**Telephone:** **083 500 0205**
**Fax:** **086-4131169**
**E Mail:** **chris@blackrock-env.co.za**


BLACK ROCK Environmental

## Scoping and EIA for Appeal in respect of a Mining Right
## Ukubhalisela ukuba yilungu elinentshisekelo nelithintekayo

Sicela ugcwalise lelifomu ukubhalisela njengenhlangano efisa ukubamba iqhaza nethintekayo.
Amafomu angahanjiswa eziNduneni zangakini, eSomkhele Mine noma nge-email ku**Chris@blackrock-env.co.za**
Sicela uzizwe ukhululekile ukufaka amakhasi engeziwe okuphawula kulombhalo uma isikhala esanele singanikezwanga.

| | |
|---|---|
| **Igama neSibongo** | |
| **Ikheli leposi / Indawo ohlala kuyo** | |
| **Inombolo yocingo** | |
| **Inombolo kamakhalekhukhwini** | |
| **Inombolo yefeksi** | |
| **Ikheli le- imeyili / email** | |
| **Inhlangano/Indawo** | |
| **Isikhundla ngaphakathi kwenhlangano/umnyango** | |

**Iyini intshisekelo yakho kuloluhlelo?**

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

**Unayo yini imibono okanye ukukhathazeka mayelana nalomsebenzi ohlongozwayo?**

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

**Ufuna ulwazi olwengeziwe? Uma kunjalo, sicela usazise ngohlobo lolwazi oludingayo.**

______________________________________________________________

______________________________________________________________

______________________________________________________________

______________________________________________________________

______________________________________________________________

______________________________________________________________

**Abanye oxhumana nabo:** Uma kukhona obaziyo okumele baziswe ngalomsebenzi, sicela usinikeze imininingwane yabo ethebuleni elingezansi (isikhala esinikeziwe silingene abantu abane, ungasandisa isikhala ngezansi uma kudingeka):

| Igama neSibongo | Inhlangano/Indawo | Ikheli/Emeil | Inombolo yocingo |
|---|---|---|---|
| | | | |
| | | | |
| | | | |
| | | | |

Siyabonga ngokuzinika isikhathi sokuphawula ngalomsebenzi. Amafomu angahanjiswa eziNduneni zangakini noma uvele uthumele umyalezo kamakhalekhukhwini ubhale igama lakho kulenombolo yocingo engezansi noma ungathumela ifeksi, noma uthumele lombalo kanye nanoma yimaphi amakhasi ahambisana nawo nge email ku:

**Tel: 083 5000 205**
**Fax:086 4131 169**
**Email: chris@blackrock-env.co.za**